

PULA IMVULA

Iphrogramu elisha elinikezwe ukuze abalimi bathole ithuba lokukhishiza ukudla

Before

After

“NGESIKHATHI UQALA, KODWA AWUPHUMELELI, PHINDA UZAME FUTHI NAFUTHI”. SINGATHI UKUTHI LOKHO KUNGUMGOMO WEPHROGRAMU LEGRain SA LOKUTHUTHUKISA ABALIMI LAPHA ESA. UMGOMO WALE PHROGRAMU UTHI FUTHI: LOKHU KAKHULU KUNGUMGOMO WEGrain SA NEPHROGRAMU LETHU LOKUTHUTHUKISA ABALIMI ABASAKHULAYO. UMGOMO WETHU FUTHI: UKUTHUTHUKISA ABALIMI ABAMNYAMA BEZOMNOTHO BAQHUBEKE NABO BANIKELE OKOKUSIZA IZIDINGO ZEMINDENI NOMHLABA JIKELELE NGOKUSEBENZISA IZINGCEBO ZESIZWE NEZINTO ZEMVELO EZIKHONA NGAMANDLA ABO NJALO.” LOKHU KUNGABA INTO ENZIMA FUTHI KUZOBA UMSEBENZI OMKHULU!

Ngeminyaka eminingi sifake imali ebantwini ngoba sisebenza ngokuthuthukisa abalimi – (*human capital*). Sineziqumbi ezifundayo, sinezichasiselo lapho izinhlobo zezitshalo ezihlukene zingabhekwa khona, sinezinsuku zabalimi, sinomncitswano Wabalimi Wonyaka, sinamaphrogramu ukusekela nokusiza abalimi emapulazini abo, sinezifundo eziningi zokuqeqhesha abalimi,

kukhona futhi imisakazo kuradiyo nale Pula/Imvula njalo ngenyanga). Konke lokhu kuqonde ukwakha ukuhlakanipha nokwakha ifawundeshin. Sinabaqondanisi abangu-7 kumaphrovinsi ethu abasebenza sonke isikhathi ukuzama ukwenza impilo yabalimi bethu ibelula, bafaka onke amandla abo kulowo msebenzi.

Kodwa, uma ungumlimi, ngesinye isikhathi kufanele ungene ebhiziniseni sokulima, lokhu kusho ukuthi kufanele ubenomhlaba lapho kungalinywa khona, lapho kungafuywa khona izimpahla, futhi kuthi ubenizindlela zokuthola ogandaganda, imishini nemali yokuqala ukulima. Kulapha inkinga enkulu ivela khona. Ngeminyaka edlule bekunzima ekulimeni, ngoba inzuzo enhle ayizange itholakale. Kanjalo abalimi bahlulekile ukuboleka imali ukuqala ukukhishiza ukudla futhi bekungekho inzuzo ezokwazi ukufakwa emapulazini nokwakha imishini.

Emva kokuhluleka ukuthola imali ebhange elikhulu elisithembisile ukuthi sizokwazi ukuboleka imali kubo, balile ukunikeza leyo mali, kanjalo abalimi bethu bebasenkingeni ngoba bebadanga imali ukuqhubeka

Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo

FUNDA NGAPHAKATHI:

- 4 > Izinhlamvu zonyaka munye = olumila iminyaka ayisikhombisa!
- 7 > Ukuvuna – isahluko sokugcina encwadini yokukhiqiza
- 8 > Uzokwazi ukuphatha imisebenzi esongozwayo noma namakhono/namasu angakanani?



5



6



Unkz Jane uthi...

Ngesikhathi uthola le Mvula kuzothi isikhathi seNampo sesiduze, kufanele usheshise uze nawe (Grain SA's NAMPO Harvest Day). KHumbula ukuthi iNAMPO kuyi'show' enkulu kabi eyenziwa eBothaville njalo ngonyaka ngoMeyi. Lo nyaka kuzoba ngo-15 - 18 Meyi 2012.

INAMPO inakho konke okuthandwa ngabantu abalimayo – izinkomo, izimbuzi, izimvu, ogandaganda, imishini nokunye okuningi. Ungahamba usuku lonke ubheke zonke izinto ezihambelana nokulima (kukhona izinto zabesifazane futhi).

Iphrogramu Lokuthuthikisa Abalimi leGrain SA nalo lizoba khona eNAMPO – sicela uzame ukusivakashela, sizojabula ukunibona.



The Farmer Development exhibition at NAMPO 2011.

Iphrogramu elisha elinikezwe ukuze abalimi bathole ithuba lokukhiqiza ukudla



ngomsebenzi wabo. Njalonjalo sizame ukuthola izimali kuMnyango Wezokulima zokuqhubeka ngokukhiqiza, kodwa eminyakeni eminingi asizange sithole lutho. Lapho besingazi ukuthi sizokwenzani, kwafika izisebenzi zakwahulumeni zoMnyango Ohlumbulula Emaphandleni Nalowo Oguqula Umhlaba beza lapha eBothaville basitshela ngalephrogramu labo elisha elizonikeza abalimi amathuba amasha ukuqhubeka ngomsebenzi wabo (recapitalisation programme).

Emva kwezingxoxo eziningi zokwenza imvumelwano nokuphikisana, kwasayinwa imvumelwano ngaphakathi koMnyango Kagavumente neGrain SA. Kwakukhona lokhu okulandelayo kuleyo mvumelwano:

"Umnyango Ohlumbulula Emaphandleni Nalowo Oguqula Umhlaba wamukela indlela egcwele (Comprehensive Rural Development Strategy ("CRDP")) ehambelana nomhlaba nokukuqula amasimu ukuqinisa ngokunikeza izwe lethu ukudla nakusasa.

Izindlela ezisetshenziswa ngokusebenzisa iCRDP kudingeka ukuvusa abantu baseMaphandleni nabo bahtathe izinyathelo ezinsha, eziqhubekisa ukufakwa kwezimali ezindaweni ezizosiza ukuhlenganisa izizamo zokuhlakanisai izindaba zezimali nalezo ezihambelana nokuhlalisana kwabantu.

Indlela yokufinyelela ukuqhubeka ngomsebenzi weCRDP (izinto ezikhombisa ukuhlula nezisabelo nokuthuthuka kwakusasa, ukuba nomsebenzi njalo ogcwele nakusasa, ukuhola imali elinganayo, nokuqhubeka ngesimo semoucuko). Lokhu kuzothi akungeke kubekhona okuphathelele nohlobo lwesizwe, kuzosiza lokho ezindaweni zasemaphandleni ukuze nabo bazokwazi ukukhula ngendlela eli-

fana nabanye emhlabeni, kubekhona amathuba ayakubo bonke abantu, nabo bathole amasimu, umhlaba, ngaphandle kokubheka umuntu ebusweni umbuze ukuthi ungumuntu onjani wena? Sonke siyafana lapho sizama ukusebenzela izwe lethu ukuthola ukudla namuhla nakusasa, asibheki ukuthi unjani, noma uyindoda, owesifazane, noma ufundile noma ungakafundi, sifuna nje ube neqiniso lokukhiqiza namuhla nakusasa, sonke isikhathi

Kumiswe iphrojekthi elihamba ngaphambili (ngensizo yephrogramu yokuthuthukisa naleyo yeCRDP enomgomo ukwandisa nokukhulisa inani lomkhiqizo; ukugarantiya ukuthi kuzoba khona ukudla nakusasa emhlabeni wethu; ukusiza abalimi abasakhulayo ukuze nabo bakhule babe abalimi bezomnotho, bakhe amathuba ukusebenza emabizininini okulima) nabanye abazosiza ukusebenzisa naleli thuba leGrain SA/Farmer Development. Umnyango kaGavumente, emva kokuxoxa neGrain SA, bacele ukuthi bafuna ukusekelwa lapho bona banikeza ulwazi lwethetknoloji lokusekela okulima emapulazini, ukungena kanjani emakethini, nangesikhathi eside ukuthola imali ezosiza labo abayidingayo. IGrain SA lizonikeza ipulani lebhizinisi noma ngumuphi umlimi ongalidinga elizomukelwa nguMnyango kagavumente. Kwavunyelwa futhi ukuthi, ngoba ukukhiqiza ukudla okuzinhlamvu kwenzeka kanye ngonyaka, kungalimazwa kalula ngesimo sezulu, lawo mapulani fanele akwazi ukushiitshwa ngokuhamba kwesikhathi ukuqinisa ukuthi onke amagranti asetshenziswa kahle ngokusiza abalimi.

IGrain SA lizovula i-akhawunti elihamba lodwa ebhange lapho kuzofakwa zonke izimali zamagranti ze-"recapitalisation".



*I*Grain SA lizosiza nokusekela bonke abalimi ukusebenzisa imali abayitholayo ukuze bakwazi ukuthuthukisa umsebenzi nokukhula kwabo ukulima. Leyo granti lizosetshenziswa futhi ukulungisa ogandaga nemishini, ukuthenga imishini emisha, ukukhokha imali yokuphinda ukutshala ezinye izitshalo, ukuthenga izimfuyo nokudla kwazo, okunye okudingekayo njengothango, nokulima okunqumayo nentaba) ukulungisa amashedi maqondana nesu lebhizinisi lomsebenzi.

Lesi sivulwano sizosetshenziswa emhlabeni jikelele kunikeza iGRAIN SA imvumelo ukusekela bonke abalimi kuwo onke amaphrovinci angu-9".

Okuhambelana nalokhu silungiselele amasu angu-16 ukunikeza abalimi abazokwazi ukuthola imali evela kule phrogramu lokuguqula umhlaba futhi abengamalunga wePhrogramu LeGrain SA LokuThuthukisa Abalimi Abasakhulayo. Yonke leyo mali ifakwe luleyo akhawunti ensha yaze yafika R36 miliyoni. Emva kwalokhu siqale ukuyisebenzisa. Lokhu kwakuyinto ethusayo kodwa bekunzima ngoba bonke bebaheke ithimu lethu!

Kanjalo besikholwa ukuthi asingeke sithathele abalimi izinyathelo noma ukusebenzela bona – onke amaphrogramu ethu aqonde ukunikeza abalimi amandla nokubathuthukisa futhi sifisa ukwenza kanjalo ngephrogramu leRecap.

Kodwa bese kufanele sithole isisekelo phansi emhlabeni, sasesathola abalimi abahlanu abathathe umhlalaphansi abavumile ukusiza labo balimi abasakhulayo nokubasiza ukuba omaluleki kuleli phrogramu lethu. UFlip du Preez waseSenekal ufundisa abalimi abahlanu lapho. UAttie Louw ufundisa umlimi oyedwa eduza naseBloemfontein, uEduard Foord usekela abalimi abathathu eBothaville, eWesselsbron naseHennenman, uBertie Human usiza abalimi abathathu eduze kwaWelkom noJohan van der Merwe usiza abalimi abane eTheunissen.

Bekudingeka ukuthi sithole enye imali ehovisini lethu eBothaville, Sasinenhlanhla ukuthola uMarina Kleynhans ajoyine ithimu lethu. UMarina wayesebenza ezindaweni zezimali lapha eGrain SA iminyaka eminingi,

futhi uyazi ukuphatha konke okuhambelana ne-admin nokukhokha izimali. Bekudingeka ukuthi sidale amabhuku amasha asekelwa iPastel, sasesathola uPhilip Smith ukusisiza, sifuna ukubonga yena futhi. Umlimi ngamunye unamakhodi akhe ukwenza ukuthi bonke abalimi bazokwazi ukubona kahle ukuthi benzene ngemali yabo nokubona ukuthi athini amarekhodi ebhizinisini abo. Kanjalo kuzobonakala ukuthi kukhokhwe malini futhi kungene malini (bese sikulinganise nebhajethe).

Amasu emabhizinisi akhwe futhi asayinwe ngumlimi ngamunye, sicebange ukuthi kubalulekile ukuthi bonke abalimi bahambe nathi sonke isikhathi ngalo msebenzi omusha. Sase sakha uhlelo lapho umlimi nalowo omsekelayo (omfundisayo) bagcwalise i-oda ukuthola konke abakudingayo abafuna ukuthenga – futhi kufanele kubekhona imali eshiwoyo ebizwayo kule oda. Isizathu salokhu sizofundisa abalimi ukusebenzisa imali yabo ngendlela efanekile, futhi ukubafundisa ukuhlola nakwezinye izindawo lapho kuthengwa noma ini. Izimali zizokhokhwa ngemishini (*electronically*) eBothaville, maqondana nezindlela zokwenzisa zeGrain SA. Emva kokukhokha imali (kokubhadala) umlimi, umaluleki nalowo othengise izimpahla bazothola i-SMS ukubatshelela ukuthi imali ingenile. Umthengisi naye uzothola incwadi ezomkhumbuzisa ukuthi imali ithunyelwe ukuze ekwazi ukudiliva izimpahla.

Ngoba siqale ngale phrogramu lethu ngoOkthoba, kwase kwadingeka ukuthi sishesise ukukhokha kwezimali – ekuqaleni ogandaganda nemishini ofunekayo (okusha nalokho okusebenzile) bese izimali zokuqala ukutshala umkhqiqizo. Lapho sekufakwe izitshalo, sizame ukubheka ezinye izindawo – izimfuyo nezakhiwo. Ngokwamanje abalimi sebasebenzise R27 miliyoni yale R36 miliyoni evunyelwe ekuqaleni – ukubhekwa kwezindleko nokuzikhokhela kuzobhekwa sonke isikhathi ukuze lonke ibhajethi lisetshenzisiwe.

UJANE MCPHERWSON, UMPHATHI WEPHROGRAMU LEGRAIN SA LOKUTHUTHUKISA ABAKHQIZI ABASAKHULAYO



Izinhlamvu zonyaka munye = olumila iminyaka ayisikhombisa!

Ngeminyaka ye-1940 umfundisi, uGeorges de Mestral wase Switzerland wayehamba nenja yakhe. Babuyela ekhaya begcwele nge'kankeroos'. Le injeneri ithole lezo zinto kule nja yakhe nasemasokisini akhe. Wayechazekile, wazibheka kahle nge'microscope'. Wabona ukuthi kukhona amahuku amaningi avama ukubopheka kuzo zonke izinto ezifana nendwangu. Emva kwemisebenzi eminingi, u-de Mestral waphumelela ukwenza lawo mahuku nezinkintshelo ezitholakala emvelweni wazibiza ngokuthi Velcro. Lokhu kwakusebenza kangcono nale 'zipha' yakudala futhi namanje isetshenziswa empilweni ngezindlela ezahlukene.

UMLIMI OMUSHA OQASHA AMAPULAZI eNORTH WEST WAKHALA KAKHULU
NGOBA UZAME KONKE, UPHINDE WAYA EMASIMINI OMMBILA NAWOBHEKILANG
NGOMSHINI WAKHE WOKUFAFAZA UKHULA, UKUQHUBEKA UKULWA NOKHULA.
UKUFAFAZA KWENZIWE EKUCALENI KONYAKA, UKUFAFAZA WOKUGCINA
KWENZIWE LAPHO KUFIKE AMA'EKSPERTHI' ZAMAKHAMPANI ZAMAKHEMIKH-
ALI, FUTHI UZAME UKWENZA KONKE MAYELANA NEZINTO EZIFANELEKILO,
NASEKUGCINENI! MANJE AKASAZI UKUTHI AFANELE AYE KUPHI!

Uyaqala manje ukuqonda ukuthi amasimu ayelele iminyaka neminyaka angenakwa futhi angesetshenziswa nalapho ukhula awuzange ubulawe. Ibhange lezinhlamvu lisekhona, lilinda nje ukuthi kufike umlimi omusha ozolivusa. Ukulwa nokhula kusazoqhubeka nakusasa, akufanele umlimi akhathale...

Akufanele ubheke amandla lokhula ukukhula nokumila noma kuphi njengento encane, futhi akusho ukuthi ukulwa komlimi ngomuthi okuhambelana maqondana nomlayizo wephrogramu elithi umuthi uzobulala konke, impi isazoqhubeka. Khumbula ukuthi i'ndandiliyoni' eyodwa ikhiqiza izimbewu ezingu -15 000 seeds, asikhulimi amanga. Zonke lezo zimbewu zikwazi ukuphila zizalise ezinye izinye imbewu ezingu-15 000 lapho zikhula. Konke lokhu kungaphila iminyaka engu-6 emhlabathini. Kufanele

sikhumbule ukuthi zonke izinhlobo zokhula azifani ngoba kukhona uhlobo nohlobo, utshani ongafuneki, nezitshalo ezinamakhasi abanzi. Eziningi zimila njalo ngonyaka kodwa kukhona ezinye ezinye ezi phinde zimile nangonyaka ozayo. Lezo ezimila njalo ngonyaka zimila ngezimbewu zazo. Lezo eziphinda nokumila nangeminye iminyaka kwenza ukuthi zibenzima ukuziphatha nokuzibulala.

IKankeroos

Uhlobo lokhula ludala inkinga enkulu kubaphathi bamasayilo lapha eSA. Lolu khula sonke siyazi ukuthi ubizwa ngokuthi: 'ikankeroos' (lubizwa kanje ngoba lucishe lufane nesifo somhlaza – isifo esibuhlungu esidla umzimba). Lolu khula lunamandla futhi lulwa ngamandla ngazo zonke ezinye izitshalo. Lungena futhi kuzo zonke izindawo (nasemhlabeni jikelele) lapho bekungakhoni ukhula zibulale ezinye izitshalo ezihlanyeliwe. Kuyisitshalo esinamandla esimila kuzo zonke izindawo, emhlabathini ononile ojulile futhi nasemhlabathini ombana ongajulile, silahla izimbewu kuzo zonke lezo zindawo. Kuyisitshalo esikhulu esingafika kumafithi amathathu, simila futhi njalo ngonyaka. Sinezinhlango ezilukhuni ezinoboya. Izimbali azibonakali kahle, futhi izimbali zesitshalo esiyisilisa ziluphuzi ziwa masinya – izimbali zesitshalo esifazane ziluhlazane, zibizwa ngokuthi 'burrs', uhlamvu olunamathelayo. Lezi



zinhlamvu zinamahuku amaningi alukhuni anamathela eboyeni wezimfuyo, eboyeni nasezingubeni ukuze zikwazi ukulahleka futhi kwezinye izindawo lapho zizokwazi ukumila khona. Lesi sitshalo simila kuphela ngezimbewu futhi izimbewu zingaphila isikhathi eside. Kwabonakala ukuthi izimbewu ezilele emhlabathini ngokujula okufika kuma- inshi angu-8 ngesikhathi esifika kuminyaka engu-16 kusengamila 15% za- lezo zimbewu. Kanjalo lolu khula lungaphinde lumile enzindaweni lapho lubulawe isikhathi eside.

Ikankeroos lingena emasimini futhi lingabulala izimfuyo. Izimfuyo eziningi azingeke zilidle ngoba kuvama ukuba khona okunye ukudla,

kodwa ezinye njengezingulube zizolidla zigule zife masinya. Izithombo nezimbewu yilezo zinto ezinoshefu, lapho zidliwa izimfuyo zizohlanza, zizohluleka ukuphefumula bese zingafa. Ngako-ke abaphathi bamasayilo bafanele babheka kahle ukuthi umvuno uzosefwa kanjani ukukhipa zonke lezo zinto ukuqinisa ukuthi umvuno uhlanzekile. Kodwa konke lokhu kuzobiza imali kumlimi.



**UJENNY MATHEWS, USIHLALO SEPHROGRAMU
LEGRAIN SA LOKUTHUTHUKISA ABALIMI**

Ungabobanjwa ngomthwalo omkhulu kakhulu ngesikhathi kufika ubusika omusha ngonyaka ozayo

NGESIKHATHI SASEHLOBO LAPHO BEKUKHONA UKUDLA OKUNINGI EMADLELWENI UKUFUYA IZINKOMO NEZIMVU NEZIMBUZI ZETHU. Sizama UKUFUYA IZIMPAHLA EZININGI KAKHULU. KUNZIMA UKUCABANGA UKUTHI AMADLELO AKHO AZOQHUBEKA UKUMILA KUZE KUFIKE U-OKTHOBA NOMA U-NOVEMBA NGAPHAMBI KUKHONA IZIMVELO EZINSHA.

Lapho ungumlimi othembekayo awungeke wazi inani lentengiso lemfuyo eyondile – imakethe lifuna imfuyo ekhuluphele esindile. Ekugcineni kohlobo izimfuyo zakho zifanele ziphilile kahle zizonile – kufanele uzithengise zonke ezingafunekali epulazini uthathe leyo mali uyibeke ebhange. Lezo zimpahla zingaba izinkomazi ezindala, ezinye ezingazali, amankonyane angasanceli ebeleni, izinkunzi ezindala namanye amajongosi. Khumbula ukuthi izimfuyo zakho zifana nefekthri – inkomazi eyodwa ifanele izale kanye ngonyaka ukuze wena uzoba nayo into yokuthengisa. Lapho unezinkomazi ezingazali njalo ngonyaka, kuzoba ngcono ukuzithengisa uthenge ezinye ezizalayo.

Amandla wobutshani wasebusika awufani notshani wasehlobo – kanjalo-ke kudingeka kakhulu unikeze izimfuyo zakho into ezikwazi ukuyikhotha inikeze zona amaphrothiyini adingekayo. Impuphu yombila ayikweneli – kufanele ufake amanye amaphrothiyini. Ukuhlanganisa izinhlobo zezimfuyo kuyinto eyenziwa labo abakhethiweyo – kuzoba ngcono ukubuza kubo. Imali oziyikhokha ukuthola ulwazi kuzokusiza ngoba ekugcineni uzobona ukuthi awuzange uchithe imali yakho.

**UJANE MCPHERSON, UMPHATHI WEPHROGRAMU LOKUTHUTHUKISA
ABALIMI ABASAKHULAYO LEGRAIN SA LOKUTHUTHUKISA ABAKHQIZI**



Qonda ukuthi kufanele wenze ini, qonda futhi ukuthi kungani uyenze le yonto

KULE PHROGRAMU LETHU SIYAQHUBEKA UKUTHWALISA ABANTU (ABALIMI) NGESITHUNZI NJENGEZIQUMBI ZOKUFUNDA, IZINSUKU ZABALIMI, UKUSIZA ABALIMI EMAPULAZINI, PULA IMVULA NEZIFUNDO EZAHLUKENE ZOKUQEQESHA. NGOKUHAMBA KWESIKHATHI KUFANELE SIBHEKE FUTHI UKUTHI SIME KUPHI – KUKHONA UMPHUMELELO ESIWUFUNYO EKUKHIQIZWENI KWABALIMI?

Sizama ngawo onke amandla ethu ukubheka onke amasimu abalimi bethu njll. Kodwa asikwazi ukuyobona ukuthi umlimi ngamunye wenzani ensimini yakhe. Sithemba wena ukuzibuza imibuzo elandelayo futhi ukuphendula ngenhliziyo yakho:

- Ngitshala kumhlabathi onjani (umhlobo)?
- Ngithale amahektheli angakanani?
- Umhlabathi wami emasimini ujula kangakanani (nokushona)?
- Singakanani isimo sepH emhlabathini wami?
- Singakanani isimo sokudla (iP ne K) emhlabathini wami?
- Ingakanani imvula efanelekile ngonyaka lapha ngihlala khona (engingayithemba)?
- Ngonyaka ofanelekile, ngingathemba ukuvuna umvuno ongakanani?
- Kukhona ipani lekhuba emasimini ami?
- Ngitshale siphil isitshalo futhi bekuyisitshalo esifanelekile?
- Yisiphi isikhathi esifanekele leso sitshalo sami – kungani leso sikhathi sifanele lesi sitshalo?
- Ngigqonde kanjani ukukhetha muphi umanyolo nokuthela ongakanani?
- Ngitshale siphil isihlobo sesitshalo futhi kuyini okwenze ukuthi ngikhethe leso sitshalo?
- Bengiqonde ukutshala izitshalo ezingakanani?
- Ekugcineni ngitshale izitshalo ezingakanani?
- Bengiqonde ukusebenzisa inani likamanyolo elingakanani futhi kwenzekeni emva kwalokho? Kusebenze kahle?

- Ngithathe ziphi izinyathelo zokuphatha izifo ezitshalweni zami?
 - Ukuphatha ukhula emasimini ami bekunjani?
 - Yiziphi izinhlobo zokhula eziyinkinga emasimini ami?
 - Ngikhokhe malini ukukhiqiza lo mvuno?
 - Ngithole malini ngethani futhi kulinganganya kanjani nentengiso yabanye?
 - Imvuno yami ibize malini ngehekhetheleli?
 - Imvuno yami ingidle ngamalini ngethetheleli?
 - Emva kokuvuna lezi zitshalo, ngigqonde ukutshala ziphi izitshalo kuleyo nsi-mi ngonyaka ozayo?
 - Ngizoyitholaphi imali yokuphinda ukutshala futhi?
 - Ogandaganda ami azokwazi ukwenza umsebenzi odingekayo endaweni lapho ngidinga ogandaganda?
 - Ngizokwazi ukwenza wonke umsebenzi ngesikhathi esifanelekile?
 - Nginayo yonke eminye imishini edingekayo yokukhiqiza lokhu kudla?
- Uma uhluleka ukuphendula eminye yalemi buzo kufanele ubuye kumamen-uyuala akho amadala okuqeqesha noma uye kwenye isifundo. Lokhu kuy-izinto ezingaphansi, uma ufisa ukuba umlimi wezomnotho, kufanele ukwazi ukuphendula le mibuzo ngokwakho.

Thina esisebenza ku*Farmer Development Programme*, sizama unikwazisa ukuthi kufanele ningasibuza imibuzo enjani. Kufanele uqonde kahle ukuthi wenzani nokuthi kungani wenze lokhu nokwazisa ukuthi kukhona imibuzo ofanele uzibuze wena. Kufanele uqonde kahle ukuthi kukhona imibuzo ofanele uzibuze wena. Kufanele uqonde ukuthi kufanele wenzeni ngesizathu sokwenza lokhu. Emva kokuqonda ukungani nakho lokho kufanele uye phambili – ebeleni likamama – sebenzisa lokhu okufundile ukuze izindlela zakho zokulima nazo zikhule zikulethele umvuno omuhle.

**UJANE MCPHERSON, UMPHATHI WEPHROGRAMU
LEGRAIN SA LOKUTHUTHUKISA ABALIMI ABASAKHULAYO**

Ukuvuna

– isahluko sokugcina encwadini yokukhiqiza



SIKHOLWA UKUTHI USEBENZE NGOKUKHUTHALA SONKE ISIKHATHI – UL-UNGISE UMHALABATHI EMASIMINI, UTSHALA IZITSHALO ZAKHO, UZAMILE UKUBULALA UKHULA NEZIFO, MANJE SEKUYISIKHATHI SOKUVUNA, NAWETHOLE UMHOLO WALOMSEBENZI WAKHO. LOKHU OKUGCINA KUDINGA UKUNAKA KWAKHO NJENGAKHO KONKE OKUNYE.

Inani lomswakamo emmbileni

Uma kukhona inani lomswakamo eliphakeme emmbileni kungenza ukuthi izimbewu zombila zibole zibenesikhutha, izimbewu zifanele zome ngaphambi zivunwe. Kodwa ukuvuna akufanele kushiye isikhathi eside ngoba umvuno osemasimini ungalingazwa izulu nezinye izifo. Ngaphambi kokuqala ukuvuna, kungaba ngcono ukuthatha isampula sezimbewu bahlale inani lomswakamo olukhona. Ukudla okuzinhlamvu kungathengiswa futhi kungabekwa lapho inani lomswakamo lingaphansi kwa-14%. Lezo zinhlamvu zingavunwa ngomswakamo ongaphezulu kwalokhu kodwa bese kuzodingeka ukuthi izinhlamvu zomiswe ngezinye izindlela (njengemishini).

Ukubeka ukudla okuzinhlamvu

Izimpehla nezilwane eziququdayo zingadala ingozi enkulu ekudleni ngaphambi nangemuva kokuvuna. Izindawo lapho kubekwa khona ukudla zifanele zicongelezwe njalo ukuphatha zonke izifo.

Imithetho ehambelana nohlu olungena kuleyo mithetho

Amakilasi omthetho ahambelana aqonde ukuphepha impilo yezimfuyo nemipilo yethu. Lokhu kwamiswa ukuze kuzokwazi kumakethwe ukudla okuzinhlamvu okunekhwalithi okufanelekile nstandardi elithandekayo. Ngoba

ukumaketha kwenzeka kuwo onke amasayilo esizweni, kubalulekile ukuthi isthandathi sifane kuzo zonke izindawo. Ukugreyida kusiza labo abazothenga ukudla ukuthi igreyidi nekhwalithi injani. Ummbila uthengiswa ngeGrading, bese ama-indastri bayazi ukuthi bathenge igreyidi elinjani nekhwalithi lommbila (ukolo, amabele, ubhekilanga). Ummbila ujoywayele ukuthengiswa ngamaloli noma ngamasaka ahlanzekile aphatha ummbila angu-70 kg.

Izigaba eziyinhloko zokuketha uhlu lobukhulu

Umthetho wezombila ukhipha izinto ezinto ezikhona ezifana nalokhu okulandelayo:

- **“Izinto ezingasikho zalapha”** – lokhu kungaba konke okungasikho imbewu yombila, isibonelo, izimbewu zokhula nezinye izitshalo, amatshe, umhlabathi, njll njll.
- **“Izimbewu ezingaphilile zombila”** – lezi zingabagoqobala, zingaqala ukuhluma, zingaba nokukhunta, zingalingazwa yizilokazane, noma zingcolile futhi zingaba nekhwalithi elibi.
- **“Imbumbulu yombila enombala omunye”** – lokhu kungaba izimbumbulu eziluphuze emmbileni omhlophe.
- **“Izimbumbulu zombila ezipinki”** – lezi izimbumbulu azifani nezinye.
- **“Izimbumbulu zombila ezinezilokazane”** – lokhu vele kuchazekile.

Kuzobakhona njalo imakethe lokudla okuzinhlamvu okuhlazekile okomile okunekhwalithi elihle – kangingi siyezwa ukuthi imakethe alikho. Lapho ukudla kwakho kulingana nstandardi elifunwa imakethe uzokwazi ukukuthengisa. Qinisa ukuthi wenze konke ukukhiqiza ukudla okunekhwalithi elihle.

**UJANE MCPHERSON, UMPHATHI WEPHROGRAMU
LEGRAIN SA LOKUTHUTHUKISA ABALIMI**



Leminingwane yenziwe ngabakwa Maize Trust.

GRAAN SA

PO Box 88, Bothaville, 9660
▶ (056) 515-2145 ◀
www.grainsa.co.za

UMPHATHI WEPHROGRAMU

Jane McPherson

▶ 082 854 7171 ◀

OQOBELELANA NOLWAZI: UKUQEQUESHA NOKUTHUTHUKISA

Willie Kotzé

▶ 082 535 5250 ◀

OQOBELELANA NOLWAZI:

FIELD SERVICES

Danie van den Berg

▶ 071 675 5497 ◀

UKUSAKAZA: PULA-IMVULA

Debbie Boshoff

▶ (056) 515-0947 ◀

ABAHLANGANISI BEPROVENS

Daan Bosman

Mpumalanga (Bronkhorstspuit)

▶ 082 579 1124 ◀

Johan Kriel

Free State (Ladybrand)

▶ 079 497 4294 ◀

Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Nelspruit)

▶ 084 604 0549 ◀

Lawrence Luthango

Eastern Cape (Mthatha)

▶ 083 389 7308 ◀

Jurie Mentz

KwaZulu-Natal and Mpumalanga

▶ 082 354 5749 ◀

Ian Househam

Eastern Cape (Kokstad)

▶ 078 791 1004 ◀

Naas Gouws

Mpumalanga (Belfast)

▶ 072 726 7219 ◀

Toit Wessels

Western Cape (Paarl)

▶ 082 658 6552 ◀

UMSHICILELI

Infoworks

▶ (018) 468-2716 ◀

www.infoworks.biz



IPULA IMVULA ITHOLAKALA NGALEZI ZILIMI EZILANDELAYO:

IsiZulu,

IsiNgisi, IsiBhunu, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, IsiXhosa.

Sizimisele ukukhipa incwadi enhle kakhulu. Uma ufi sa ukuxoxa ngokuphakathi noma ngendlela kubhaliwe ungathintana noJane McPherson.

IGrain SA ivula ihhovisi eKapa Nshonalanga

IGRAIN SA LIVULE IHHOVISI EKAPA NSHONALANGA, IKHELI YILELI ELILANDELAYO: 262 MAIN STREET, PAARL. SIFAKE UTOIT WESSELS ABE UMAQONDANISI WEPHROVINI WEPHROGRAMU. UTOIT WAZIWA KAKHULU EMSEBENZINI WOKUKHIQIZA UKUDLA OKUZINHLAMVU LAPHA EKAPA NSHONALANGA NASEKAPA ENINGIZIMU, WAYE EBENZA NGALOKHU KUDLA IMINYAKA ENGU-9, KAKHULUKAZI NGOKOLO NANGOKANOLA.

UTOIT uzozama ukusikhombisa bonke abalimi abasakhulayo futhi uzobheka amathuba amasha lapho singabangenisa khona ukuze bathole ulwazi namakhono nabo bagcine babe abalimi bezomnotho. Umgomo wephrogramu lethu uthi: "Ukuqhubekisa bonke abalimi abasakhulayo abanamandla ukuze nabo basize umhlaba jikekelele ngokukhiqizela imindeni nomhlaba ngendlela ezoqhubeka nakusasa ngokusebenzisa izinto zomhlaba nalezo zemvelo ezikhona ngezindlela ezifanekile."

Lapha eKapa bekusweleka into abayibiza ngokuthi: "ukungenisa imali ebantwini" (invest-

ment in human capital) – manje iphrogramu iqonde kakhulu ukukhulisa umuntu oyedwa. Ukukhulisa umuntu nokumthuthukisa empilweni yakhe ukuze aye phambili kusho ukuthi kufanele siqale khona lapha, lapho yena ekhona ngokwamanje – kufanele sisebenzise ifawundeshini (isisekelo) ukumsiza aqhubekele phambili – kufanele sisebenzise lokho okusekhona.

Ungathintana noToit kulenombolo: 082 658 6552 noma umgamthumela i-e-mail ku- toit@grainsa.co.za. Sicela uthintane naye uma ufuna ukuzwana nabanye abasebenza ngalezi zinto.

UTOit Wessels, umaqondisi wephrovinsi laseKapa Nshonalanga.



Engikuzwayo ngiyakukhohlwa, lokhu engikubonayo ngiyakukhumbula, lokho engikwenzayo ngiyakuqonda.

Uzokwazi ukuphatha imisebenzi esongozwayo noma namakhono/ namasu angakanani?

KUKHONA IMISEBENZI ESONGOZWAYO NGASIKHATHI SINYE EPULAZINI – KODWA EMINYE IHLUKENE KAKHULU NGOBA KUKHONA AMAPULAZI AHLUKENE: INYAMA YEZINKOMO, UBISI, IZINGULUBE, IZINKUKHU EZIZOHLATSWA, IZINKUKHU EZIZALELA AMAQANDA, UKUTSHALELA UKUVUNA, IZIMVU, UKUZIFUYA IZIMVU, UKUTSHALA UKUDLA OKUZINHLAMVU, UKUTSHALA AMAVEJI, UKUTSHALA IZITHELO, UKUFUYA IZIMBUZI, AMANTONGOMANE, NOKUDLA KWEZIMFUYO (IFOLISHI), NJLL. MHLAWUMBE UNGAKHETHA OKUNINGI KULELI LISTI ONGAKUSEBENZISA EPULAZINI LAKHO. KODWA UMBUZO OMKHULU NGULOKHU: UZOKWAZI UKUPHATHA IMISEBENZI ANGAKANANI?

Empilweni konke kubukeka kungathi kuhle lapho uma ekudeni, kodwa eziningi izinto zinzima lapho usondela. Masithathe ideri libe yisibonelo sethu – uzodinga yonke imishini ehambelana nalokhu: imishinini yokusenga izinkomazi, ukuphatha izinkomazi ezomile, izinkunzi namakon-

yane; uzodinga ukwazi zonke izidingo zokudla zezimpahla ozibhekayo – kufanele wazi izidingo zazo ngokukhula kwazo nokuphuza kwazo – ukuze uzokwazi ukuvimba izifo lapho zifika – kufanele wazi izindlela zokuvimba izifo, nokuzelapha – ihajini yasederi, ukumaketha izithelo ezinsha, ukuphatha abasebenzi nokuphatha okwezimali. Lokhu kungena kuphela kadayari usuku lodwa...

Kaningi kukhona abaqondisi ababuka ukulima ngamehlo afana nalabo abafunde kakhulu bese bahlanganisa imisebenzi yamasu amane esongozwayo. Lokhu kungaba inkinga kumlimi osakhulayo. Mina ngizothi kuzoba ngcono ukulinganisa kahle ipulazi lakho ukulinganise namandla akho. Uma uthanda izimfuyo kufanele uzifuye – kufanele uthande leyonto oyenzayo ngoba uma ungathandi, awungeke uphumelele.

UJANE MCPHERSON, UMPHATHI WEPHROGRAMU LEGRAIN SA LOKU-KHIQIZA NOKUKHULISA ABAKHIQIZI NABALIMI KULELI PHROGRAMU